


NguMongameli uThomas S. Monson



AbaPhrofethi Abazosikhombisa Indlela

Eminyakeni embalwa eyedlule, ngangihleli egumbini leThempeli iSalt Lake lapho kuhlangukela khona kanye ngesonto ubuMongameli bokuQala noMgwamanda wabaPhostoli abayiShumi-naMbili. Ngabuka udonga olwaluqondene nobuMongameli bokuQala, ngase ngibona izithombe zoMongameli beBandla ngamunye.

Ngesikhathi ngibabuka, labo abeza ngaphambi kwami—kusuka kuJoseph Smith (1805–44) kuya kuMongameli uGordon B. Hinckley (1910–2008)—ngafikelwa wumcabango othi, “Angive ngibonga ngokukhonjiswa indlela engakuthola kubo ngamunye.”

Amadoda amakhulu lawa angazange angabaze, futhi angazange ehluleke. Amadoda kaNkulunkulu lawa. Ngisacabanga ngabaphrofethi banamhlanje engibaziyo nengibathandayo, ngikhumbula izimpilo zabo, izimilo zabo, nezimfundiso zabo zokushisekeliswa.

UMongameli uHeber J. Grant (1856–1945) wayengu Mongameli weBandla ngesikhathi ngizalwa. Ngisacabanga ngempilo nangezimfundiso zakhe, ngikhulwa wukuthi isimilo uMongameli uGrant ayehlezi esikhombisa sona kwaku wukuphikelela—ukuphikelela ekwenzeni lezo zinto ezilungile nezincomekayo.

UMongameli uGeorge Albert Smith (1870–1951) wayengu Mongameli weBandla ngesikhathi nginguMbhishobhi we wadi yami eSalt Lake City. Wabona ukuthi kukhona okukhulu ukudonsisana phakathi kweNkosi nesitha.

Wasifundisa wathi, “Uma uzoba ngasohlangothini lweNkosi, uzohlezi ungaphansi kwethonya layo futhi ngeke ube nesifiso sokwenza okungalungile.”¹

Ngabizelwa ukuba yilungu loMgwamanda wabaPhostoli abayiShumi-naMbili ngonyaka ka 1963 nguMongameli uDavid O. McKay (1873–1970). Wasifundisa ukubacabangela abanye abantu ngendlela ayephila ngayo. Wathi, “UbuKrestu beqiniso wukukhombisa uthando ngezenzo.”²

UMongameli uJoseph Fielding Smith (1876–1972), ongomunye wababhali bezincwadi beBandla ababhala kakhulu, wakwenza kwaba wumgomo wempilo yakhe ukulifunda ivangeli. Imibhalo engcwele wayeyifunda ngokungaphezi futhi wayezazi kakhulu izimfundiso zayo.

UMongameli uHarold B. Lee (1899–1973) wayengu mongameli wami wesikhonkwane ngisengu mfana. Wayethanda kakhulu lombhalo othi “Yimani ezindaweni ezingcwele, ninganyakaziswa.”³ Wayekhuthaza abaNgcwele ukuthi bali lalele, futhi bali hloniphe, izwi lika Moya oyiNgcwele.

Ngikhulwa wukuthi umgomo empilweni kaMongameli uSpencer W. Kimball (1895–1985) owawumkhombisa indlela kwakuwuku zinikela. Wayezinikele ngokugcwele nangokunga ngabazeki. Wayezinikele futhi nokuliphila ivangeli.

Kwathi uma uMongameli u-Ezra Taft Benson (1899–1994) eba nguMongameli weBandla, wangibiza ukuba ngibe nguMeluleki wakhe wesiBili kubuMongameli

bokuQala. Uthando kwakungu mgomo wakhe ongu-mkhomba ndlela, otholakala emazwini kaMsindisi athi: “Kufanele nibe ngabantu abanjani? Ngiqinisile ngithi kini, ngisho njengami.”⁴

UMongameli uHoward W. Hunter (1907–95) wayeyilowo muntu owayehlezi ebheka okuhle kodwa kwabanye. Wayehlezi enomoya omuhle; ehlezi ethobekile. Kwaba yintokozo kimi ukusebenza njengoMeluleki wakhe wesiBili.

UMongameli uGordon B. Hinckley wasifundisa ukuthi senze konke okusemandleni. Wafakaza kakhulu ngoMsindisi nangomsebenzi Wakhe. Wasifundisa ngothando. Ukusebenza njengoMeluleki wakhe wokuQala kwakuwuku hlonipheka nesibusiso kimi.

UMsindisi uthumela abaphrofethi ngoba esithanda. Ngesikhathi somhlangano omkhulu kulo Okthoba, abaneGunya eliKhulu eBandleni Lonke bazophinde babe nethuba lokukhuluma ngezwi Lakhe. Lomsebenzi siwenza ngesikhulu isizotha nokuzithoba.

Sibusiseke kakhulu ukuthi iBandla lika Jesu Kristu eselibuyiselwe selisemhlabeni nokuthi futhi leliBandla lakhelwe phezu kwedwala lesambulo. Isambulo esihlezi sikhona njalo siyimpilo yevangeli likaJesu Kristu.

Sengathi singahlezi sikulungele ukuthola isambulo somuntu ngamunye esiza ngobuningi ngesikhathi somhlangano omkhulu. Sengathi izinhliziyi zethu zingagcwala ukuzimiselela okukhulu ngesikhathi siphakamisa izandla zethu sisekela abaphrofethi nabaphostoli abaphilayo. Sengathi singathola ukukhanya, sivuseleleke, siduduzeke, futhi siqiniswe ngesikhathi silalela imiyalezo yabo. Futhi sengathi singakulungelela ukuzinikela kabusha eNkosini uJesu Kristu—evangelini Lakhe nasemsebenzini Wakhe—nokuthatha isinqumo kabusha sokugcina imiyalelo Yakhe nokwenza intando Yakhe.

IMITHOMBO OKUTHATHWE KUYO LEMFUNDISO

1. *Teachings of Presidents of the Church: George Albert Smith* (2011), 191.
2. *Teachings of Presidents of the Church: David O. McKay* (2003), 181.
3. IMfundiso neZivumelwano 87:8.
4. 3 Nefi 27:27.

IMFUNDISO EVELA KULOMYALEZO

UMongameli uMonson ukhuluma ngezifundo ezinamandla azifunda kubaphrofethi abeza ngaphambi

kwakhe. Uyasikhumbuza futhi ukuthi “uMsindisi uthumela abaphrofethi ngoba esithanda.” Kulabo obafundisayo, mhlawumbe ungathanda ukukhuluma ngokuthi abaphrofethi nabaphostoli bayisibonakaliso kanjani sothando lukaNkulunkulu kithi. Ungakhuluma ngeseluleko sikaMongameli uMonson kwenye yezinkulumo zakhe zomhlangano omkhulu. Bameme labo obafundisayo ukuthi balungiselele umhlangano omkhulu ngokuphinde bafunde lezo zinkulumo ezibathintile kakhulu futhi zabenza baluzwa uthando lukaMsindisi.

INTSHA

We Thank Thee, O God, for a Prophet

Umprofethi wethu uMongameli uThomas S. Monson usebe yithonya kanjani kuwe? Yikuphi ozohlezi ukukhumbula kakhulu ngaye? Ake ucabange ngokubhala encwadini yakho yokuloba izigigaba zosuku ngoMongameli uMonson nangempilo yakhe—njengoba naye echaza kulomyalezo ngalokho yena akukhumbulayo.

Mhlawumbe ungathanda futhi ukucaphuna isiqeshana nje senkulumo yakhe osithandayo bese usibhala lapho uzohlezi usibona khona njalo. Ungasifaka futhi lesi siqeshana nakumakhala ekhukhwini wakho. Sekuyothi njalo uma usibona lesi siqeshana bese ucabanga ngokubaluleka komprofethi ophilayo futhi ukhumbule nokuthi unathi ukuzosithanda nokuzo sikhombisa indlela kulesi sikhathi esiphila kuso.

Ungayothola lomculo “We Thank Thee, O God, for a Prophet” klds.org/go/9176.

ABANTWANA

AbaPhrofethi Basikhombisa Indlela Eya kuKristu

UMsindisi usinika abaphrofethi ngoba esithanda. Ukulandela abaphrofethi kuyasi siza sikhethe okulungileyo. Yiziphi izinto ezimbili ongazenza ukuze ulandele umprofethi?



Ukholo Umndeni
Insizakalo

Banhliziyo nye

Ngomkhuleko funda lemibhalo ngenhloso yokufuna ukwazi ngalokho ongakhuluma ngakho. Ukwazi ngenhloso yeNhlango Yabesimame Yosizo kungawasiza kanjani amadodakazi kaNkulunkulu ukuze athole isibusiso sokuphila kwaphakade?

“Futhi iNkosi yabiza abantu bayo nge Siyoni, ngokuba babe nhliziyonye futhi bemqondomunye, futhi babehlala ngokulunga; futhi kwakungekho ompofu phakathi kwabo.” Mose 7:18. Singaba munye kanjani?

IGosa uM. Russell Ballard woMgwamanda wabaPhostoli abayiShumi naMbili wathi, “Maphakathi negama lesiNgisi elithi *atonement* kunegama elithi *one*. Ukuba wonke umuntu ubekuqonda kahle lokhu, beku- ngeke kube khona esingazikhathazi ngaye, singabheki ubudala bakhe, ubuhlanga bakhe, ubulili bakhe, inkolo yakhe, noma isimo sakhe emphakathini. Besingazama ukwe- nza njengoMsindisi futhi besingeke sibe nonya, singabahloniphi, noma singabi nozwelo kwabanye.”¹

UMongameli uHenry B. Eyring, uMeluleki wokuQala kubuMonga- meli bokuQala, wafundisa wathi: “Uma uMoya uphakathi kwabantu, [bona] bangalidela ukuthi kube kho- na ukuzwana. . . . UMoya kaNkulu- nkulu awuwudali umbango (bheka

ku3 Nefi 11:29). . . . Udala ukuthula kumuntu ngamunye futhi nokuthi kube khona ubunye nabanye.”²

Ekhuluma ngezinkinga zasemnde- nini, uCarole M. Stephens, owaye- sebenza njengoMeluleki wokuQala kubuMongameli Bukazwelonke beNhlango YabesiMame Yensiza- kalo, wathi: “Angikaze ngibhekane nesahlukaniso emshadweni, nobu- hlungu bokushiywa wedwa, noma umthwalo wokuba ngumama okhu- lisa abantwana yedwa. Bengingaka kuzwa ukushonelwa ngumntwana, ukungabi nayo inzalo, noma uku- hehwa owobulili obufana nobami. Bengingaka kuzwa ukuhlukunye- zwa, ukugula isikhathi eside, noma ngiqgilazwe yihuha. Lamathuba anzi- ma bengingaka hlangabezani nawo.

“. . . Kodwa ngezivivinyo *zami*. . . . sengike ngazana kakhulu naLowo oqondayo. . . . Futhi phezu kwalokho, sengike ngakuzwa konke lokhu kuvivinywa kwasemhlabeni esengi- ku balile ngehlo lendodakazi, lika mama, lika gogo, lika dadewethu, lika mama omncane, nelika mngani.

Ithuba lethu njengamadodakazi kaNkulunkulu agcina izivumelwa- no akukona nje ukuthi sifunde kobethu ubunzima kuphela; kufanele sihlange ngokuzwe- lana ngesikhathi sixhasa amanye amalunga omndeni kaNkulunkulu ebunzimeni bawo.”³

Eminye Imibhalo eNgcwele nolwazi olwengeziwe

Johani 17:20–23; KwabaseFesu 4:15; Mosiya 18:21–22; 4 Nefi 1:15
reliefsociety.lds.org

IMITHOMBO OKUTHATHWE KUYO

LEMFUNDISO

1. M. Russell Ballard, “The Atonement and the Value of One Soul,” *Liahona*, Meyi 2004, 86.
2. Henry B. Eyring, “That We May Be One,” *Ensign*, Meyi 1998, 67.
3. Carol M. Stephens, “The Family Is of God,” *Liahona*, Meyi 2015, 11–12.

Ake Ucabange Ngalokhu

Uma simunye omunye nomunye kusi siza kanjani ukuthi sibe munye noNkulunkulu?